Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric



**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/Uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.

6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
   ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.

9. Nikeza impendulo ngayinye isihloko esifanele.

10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric



**ISIQEPHU A: INDABA**

**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lalo lodwa.

1.1 Ngibonga Ukunikwa Ithuba Lesibili. **[50]**

1.2 Ubuvila Abukhokheli. **[50]**

1.3 Umngani Weqiniso Umbona Ngezikhathi Zokuxakeka/Zobunzima. **[50]**

1.4 Kufanele Yini Ukuxolela Umuntu Ocekele/Owenzele Impilo Yakho Phansi? **[50]**

1.5 Kuningi Okuhle Nokubi Ngomabonakude. **[50]**

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sicashunwe ku-www.google.com] **[50]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric



## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **INCWADI YAKOMKHULU**

Ubuyothenga enxanxatheleni yezitolo (Mall), walahlekelwa isikhwama sakho esasinamakhadi nomazisi wakho. Ngenhlanhla satholwa ngumuntu othembekile, wakuposela sona ngokusebenzisa ikheli elikumazisi wakho.

Bhala **incwadi eya kuMhleli** wephephandaba iMvunge kuleli kheli: IMvunge, P.O. Box 975, Malahleni, 2019, ubonge/uncome isenzo sobuntu esenziwa owakutholela isikhwama sakho. **[30]**

2.2 **UMLANDO NGOMUFI**

Esinye sezihlobo zakho sishone singagulanga. Umndeni ukucele ukuthi ubhale umlando waso.

Bhala **umlando ngomufi**. **[30]**

2.3 **I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO**

Indawo yangakini inobugebengu obuningi. Ngesonto eledlule ikomidi lezokuphepha nokuvikela umphakathi kule ndawo belihlangene ehhovisi leKhansela lixoxa ngezindlela zokulwa nobugebengu.

Bhala **i-Ajenda kanye namaminithi omhlangano** njengoba ungunobhala wekomidi. **[30]**

2.4 **I-INTHAVYU**

Omunye wabagijimi baseNingizimu Afrika uphume phambili emjahweni we-Comrades Marathon 2018, obusuka eMgungundlovu uya eThekwini. Wena uyintatheli yomsakazo iWozanazo FM. Uthole ithuba lokumbuza imibuzo ngempumelelo yakhe.

Bhala **i-Inthavyu** ephakathi kwakho nalo mgijimi. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric



## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **IKHADI LESIMEMO**

Umfowenu usanda kuthola iziqu zokuba udokotela. Umndeni uhlele ukumenzela umcimbi wokumhalalisela.

Bhala **isimemo** esizosetshenziswa ukumema izihlobo nabangani. **[20]**

3.2 **IPHOSIKHADI**

Wathola ibhasari/umfundaze wokuyofunda kwesinye sezikhungo zemfundo ephakeme esikude nakini. Sekuphele inyanga eyodwa ufikile kule ndawo.

Bhalela umngani wakho **iphosikhadi** umxoxele ngempilo yakulesi sikhungo. **[20]**

3.3 **INKOMBANDLELA**

USalimane Bhengu usuka ekhaya kwa-GG 196 uya eNyuvesi yaseLanga.

Sebenzisa **le nkombandlela** esekhasini elilandelayo ukubhala indlela azohamba ngayo. Landela imicibisholo njengoba injalo.

